Isifundo 1

Zibandlela 29-Masingana 4

Ivangeli eliphuma ePhatmose

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Samb. 1:1-8; Johane 14:1-3; Deut. 29:29; Johane 14:29; Rom. 1:7; Filipi 3:20; Dan. 7:13, 14.

Indimana Yekhanda:
"Ubusisiwe ofundayo nabo abawezwayo amazwi alesiprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso, ngokuba isikhathi siseduze" (ISambulo 1:3).

Ziprofetho zeSambulo zembulwa embonweni kuJohane eminyakeni engaphezu kuka 1 900 eyedlule ekudingisweni kwakhe esiqhingini esincane esaziwa ngokuthi yiPhatmose, esinamadwala phakathi nolwandle iAegean (Samb. 1:9). ISambulo 1:3 sinikeza umqondo wokuthi lencwadi kwakufuneka ifundwe ngokuphimisela ebandleni. Indimana yethembisa isibusiso kulowo muntu ofundayo, nakulabo abalalele. Abalalele amalunga ebandla abuthene enkonzweni ukuzokuzwa izigijimi. Kodwa, ababusiswa-nje ngoba belalela noma befunda, kodwa ngenxa yokuthi bayawenza amazwi encwadi (bheka iSamb. 22:7).

Iziprofetho zeSambulo zizwakalisa ukunaka kukaNkulunkulu abantu baKhe. Zisitshengisa ubufishane nobucayi balokhu kuphila, zisikhomba kuJesu, nobizo lwethu lokusabalalisa ivangeli.

Iziprofetho zeBhayibheli zifana nesibane esikhanya endaweni emnyama (2 Pet. 1:19). Kuhloswe ngazo ukusinika isiqondiso ngempilo yethu namhlanje, nethemba ngekusasa. Sizosidinga lesiqondiso sesiprofetho kuze kubuye uKrestu, kusungulwe umbuso kaNkulunkulu waphakade.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Masingana 5.*

Isihloko Sencwadi

Funda iSambulo 1:1, 2. Sichaza ukuthini isihloko sencwadi uma sesiphelele? Isihloko sisitshelani empeleni ngokuthi ikhuluma ngobani lencwadi?

_____

_____

ISambulo 1:1 sithi isihloko sencwadi "ISambulo sikaJesu Krestu." Igama elithi isambulo (revelation) livela kwelesiGriki elithi apokalupsis (apocalypse), elichaza "ukwembula" noma "ukuphenya." ISambulo ukwembulwa kukaJesu Krestu; sivela kuJesu, kanti futhi sikhuluma ngaYe. Nakuba savela kuNkulunkulu ngoJesu Krestu (bheka iSamb. 22:16), incwadi iyafakaza ngokuthi uJesu naYe yindikimba yalokho okuqukethwe. ISambulo ukuzembula kwaKhe ebantwini baKhe nokutshengisa ukubanaka kwaKhe. UJesu uYena ogqamile kuSambulo. Incwadi iqala ngaYe (Samb. 1:5-8) ibuye ivale ngaYe (Samb. 22:12 – 16). "Ake kukhulume uDaniyeli, kukhulume neSambulo, basho okuyiqiniso. Kodwa noma ngabe yisiphi isihloko okukhulunywa ngaso, phakamisani uJesu njengendikimba yethemba, 'iMpande neHlumela likaDavide, neNkanyezi yokusa ekhazimulayo.' "—Ellen G. White, *Testimonies to Ministers and Gospel Workers*, p. 118. Futhi-ke, loJesu weSambulo yiloJesu wasezincwadini ezine zevangeli. ISambulo siqhueka nokuchazwa kukaJesu nomsebenzi waKhe wokusindisa abantu njengoba uchazwe ezincwadini zevangeli. Incwadi yeSambulo manje igxila emikhakheni eyehlukene yobukhona baKhe nomsebenzi waKhe. Iqala lapho kugcine khona izincwadi zevangeli, uvuko lukaJesu nokwenyukela kwaKhe ezulwini.

Ngokuhlangene nencwadi ebhalelwe amaHeberu, iSambulo sigcizelela umsebenzi kaJesu ezulwini. Sitshengisa ukuthi ngemuva kokwenyuka kwaKhe uJesu wagcotshelwa umsebenzi waKhe wobukhosi nobupristi endaweni engcwele yasezulwini. Ngaphandle kweSambulo (namaHeberu), ulwazi lwethu ngomsebenzi uKrestu awenzela abantu baKhe ezulwini belungeke luphelele, futhi beluzogubungelwa yimfihlakalo. Kodwa nokho, ngokusizwa yincwadi yamaHeberu, incwadi yeSambulo isinika umfanekiso okhethekile ngomsebenzi esiwenzelwa uJesu Krestu.

Funda kuJohane 14:1 – 3. Lesithembiso esibanzi lapha sisisiza kanjani ukuqonda kangcono lokho esikwenzelwa nguJesu ezulwini njengamanje na? singafunda kanjani ukuthola ithemba lulesithembiso esimangalisayo na?

_____

_____

Inhloso Yencwadi

ISambulo 1:1 sibuye sisitshele ukuthi inhloso yalencwadi ukutshengisa izehlakalo ezizayo, kusukela ekubhalweni kwayo. Noma ubani osaziyo iSambulo uzobona ukuthi izehlakalo ezizayo—noma esezagcwaliseka (ngokubuka kwethu namhlanje) noma lezo ezisazokwenzeka (nalapha futhi, ngokubuka kwethu namhlanje)—zithatha indima enkulu kulokho okuqukethwe yilencwadi. Ngesikhathi isigaba sokuqala seSambulo (izahluko 1 – 11) sigxile ezehlakalweni ezenzeka kusukela kumnyaka-khulu wokuqala kuze kube sekupheleni, isigaba sesibili sona (izahluko 12 – 22) sigxile kulezo zehlakalo eziholela ekubuyeni kukaJesu. Injongo-nqangi yeziprofetho zeBhayibheli ukusiqinisekisa ukuthi, noma ngabe ikusasa liphetheni, uNkulunkulu ubambe amatomu. ISambulo senza lokho-ke: sisiqinisekisa ngokuthi uJesu Krestu unabantu baKhe kuwo wonke umlando walomhlaba nezehlakalo zawo ezishaqisayo. Kanjalo-ke, iziprofetho zeSambulo zinezinhloso ezimbili eziphathekayo: ukusifundisa ukuphila namhlanje, nokusilungiselela ikusasa.

Funda uDuteronomi 29:29. Lendimana isisiza kanjani ukuqonda ukuthi kungani ezinye izinto singembulelwanga zona n? Ngokwalendimana, yini inhloso ngalezo zinto esizembulelwe na? Sizitshelweleni? Bheka neSambulo 22:7.

_____

_____

_____

Iziprofetho zeSambulo ngezikhathi zokugcina azembulelwanga ukwanelisa ukulangazelela kwethu ngekusasa. Lencwadi yembula kuphela leyo mikhakha yekusasa okubalulekile ukuthi siyazi. Zembulelwe ukusitshengisa ubumqoka kwalokho okuzokwenzeka ukuze sibone isidingo sethu sokwethembela kuNkulunkulu bese simlalela. Emakhulwini eminyaka bekulokhu kukhona ukuqagula okuningi nehaba elikhulu mayelana nezehlakalo zezikhathi zokugcina. Bazenzele imali eningi labo abaprofetha ngesiphelo esizofika ngokushesha, bethusa abantu ukuba banikele izimali emsebenzini ngoba bethi isiphelo sifikile. Kodwa-ke, njalo nje, asifikanga isiphelo, abantu basala bekhungathekile, futhi bedangele. Njengazo zonke izinto ezinhle esiziphiwe uNkulunkulu, isiprofetho naso singahlanekezelwa, sisetshenziswe ngendlela okungeyona.

Funda kuJohane 14:29. Singathola muphi umthetho obalulekile lapho ngenhloso yesiprofetho na?

_____

Ukusetshenziswa Kwemifanekiso kuSambulo

Funda iSambulo 13:1, Daniyeli 7:1 – 3, noHezekeli 1:1 – 14. Yini efanayo kuyo yonke lemibono na?

ISambulo 1:1 siqhubeka sithi: “Wasithumela, esibonakalisa encekweini yaKhe uJohane” (NKJV). Lapha sithola igama elibaluleke kakhulu kulencwadi. Igama elithi wasibonakalisa (signified) lihunyushwe lisuka kwelesiGriki elithi semaino, elisho “ukufanekisa ngezimpawu noma imifuziselo.” Leligama lisetshenziswe eTestamenteni eliDala lesiGriki okuthiwa yiSeptuagint, lapho uDaniyeli echazela khona inkosi uNebukadinesari ukuthi ngesithombe esakhiwe ngegolide, isiliva, ithusi kanye nensimbi, uNkulunkulu ufanekisa enkosini “ ‘okuyokuba khona esikhathini esizayo’ “ (Dan. 2:45, NASB). Ngokusebenzisa lona lelo gama, uJohane usitshela ukuthi imibono nezehlakalo zeSambulo zabonakaliswa kuyena ngemifuziselo. Ngokuholwa uMoya oNgcwele, uJohane wayibhala ngokwethembeka lemifuziselo njengoba wayeyitshengisiwe emibonweni (Samb. 1:2). Kanjalo-ke ulimi okuchazwe ngalo iziprofetho zeSambulo alungathathwa njengoba lubhaliwe. Ngokomthetho, nakuba ukufundwa kweBhayibheli kufanele kuthathwe njengoba kubhaliwe (ngaphandle kwalapho kuqondwe ngalo izifanekiso), uma sifunda iSambulo—ngaphandle uma indimana ikhomba ukuthi kushiwo lokho okubhaliwe—sidinga ukuhumusha ngokwemifuziselo.

Noma-nje izehlakalo eziprofethiwe kungezangempela, zazivame ukunikezwa ngolimi lwemifanekiso. Uma sikhumbula njalo ukuthi iSambulo sikhuluma ngemifuziselo, kuzosisiza ekuthini singasihlanakezeli isigijimi sesiprofetho. Uma sizama ukufuna incazelo yemifuziselo esetshenziswe kulencwadi, asiqaphele ukuthi asifaki incazelo evela emicabangweni yabantu noma okumelwe yilezo zimpawu njengamanje. Esikhundleni salokho, asiye eBhayibhelini nezimpawu ezitholakala emakhasini alo ukuze siqondisise izimpawu noma imifuziselo yeSambulo. Empeleni, uma sizama ukuchaza okushiwo yileyo mifuziselo ekuSambulo, asikhumbule ukuthi eminingi yayo yayithathelwe eTestamenteni eliDala. Ngokwakha isithombe sekusasa ngolimi lwakudala, uNkulunkulu wayefuna ukubethelela ezingqondweni zethu ukuthi izenzo zaKhe zosindiso esikhathini esizayo ziyofana nezenzo zaKhe zosindiso esikhathini sakudala. Lokho akwenzela abantu baKhe endulo, usayophinda abenzele esikhathini esizayo. Uma sizama ukuxazulula imifanekiso nezimpawu zeSambulo, asiqale ngokuqaphela iTestamente eliDala.

UbuNkulunkulu

ISambulo siqala ngokubingelela okufana nokunye okutholakala ezincwadini zikaPawulu. Lencwadi yayithunyelwe emabandleni ayisikhombisa ase-Asiya ngezinsuku zikaJohane (bheka iSamb. 1:11). Nokho-ke iSambulo sasingabhalelwe wona wodwa, kodwa nazo zonke izizukulwana zamaKrestu kuwo wonke umlando.

Funda iSambulo 1:4, 5 namaRoma 1:7. Kubingelela kuni okufanayo okutholakala kulezindimana, futhi kuvela kubani?

Zombili lezindimana zibingelela ngendlela efana neyokubhalwa kwencwadi (letter): "Makube umusa nokuthula kini." Lomusho uqukethe isibingelelo sesiGriki esithi charis, okusho umusa, nesibingelelo sesiHeberu esithi shalom , okusho ukuthula noma impilo enhle. Njengoba sibona kulezindimana, aBanini bomusa nokuthula yiziqu ezintathu zobuNkulunkulu. Njengayo yonke incwadi, laba abathathu bachazwa ngolimi lwemifuziselo. UNkulunkulu uYise uchazwa njengaLowo okhona, nowayekhona, nozayo" (bheka iSamb. 1:8, iSamb. 4:8, NKJV). Lokho kusho igama elingcwele lika Yahweh, 'UNGIKHONA" (Eks. 3:14) okuchaza ukuzimela kukaNkulunkulu kwaphakade.

UMoya oNgcwele ubizwa ngo "Moya abayisikhombisa" (qhathanisa neSambulo 4:5 neSambulo 5:6). Isikhombisa yinani elisho okuphelele. "OMoya abayisikhombisa" bahambisana namabandla ayisikhombisa lapho uMoya esebenza khona. lomfuziselo usho ubukhona bomsebenzi kaMoya oNgcwele kuzo zonke izindawo phakathi kwabantu bakaNklunkulu kuwo wonke umlando, ebapha amandla okufeza ubizo lwabo. UJesu Krestu uchazwa ngamagama amathathu: "ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo, nombusi wamakhosi omhlaba" (Samb. 1:5). Akhomba ukufa kwaKhe esiphambanweni, ukwenyukela kwaKhe ezulwini, nokubusa kwaKhe lapho. Bese-ke uJohane achaze ngokwenziwa uJesu: "Uyasithanda, wasikhulula ezonweni zethu ngegazi laKhe—wasenza saba umbuso nabapristi kuNkulunkulu uYise" (iSamb. 1:5, 6). Ukuthi "uyasithanda" olimini lwesiGriki kusho uthando lukaKrestu oluqhubekayo, oluhlanganisa isikhathi esedlule, esamanje, nesizayo. Lowo osithandayo usikhulule ezonweni zethu ngegazi laKhe. Olimini lwesiGriki, lokhu kusho isenzo esafezwa esikhathini esedlule: mhla uJesu efa esiphambanweni wasikhulula unomphelo thina balandeli baKhe, ezonweni zethu.

Kwabase Efesu 2:6 nakwabaseFilipi 3:20 kuchazwa abasindisiwe njengalabo abavusiwe, bahlaliswa no Jesu ezindaweni zasezulwini. Kusho ukuthini lokho, futhi njengamanje sisithakasela kanjani leso simo kuKrestu "njengamakhosi nabapristi" siselapha emhlabeni oqalekiswe ngesono? Leliqiniso limelwe ukuyithinta kanjani indlela esiphila ngayo?

Ingqikithi yeSambulo

Isiphetho sesingeniso seSambulo sikhomba lapho incwadi igxile khona ngempela: ukubuya kukaJesu ngamandla nodumo. Isithembiso sikaKrestu sokubuya futhi siphindwe izikhathi ezintathu esiphethweni sencwadi (iSamb. 22:7, 12, 20).

Funda iSambulo 1:7, 8. Inkulumo esetshenziswe lapha ithathelwa ezincwadini eziningi zesiprofetho: Daniyeli 7:13, 14; Zakariya 12:10; Mathewu 24:30. Lezindimana zisitshelani ngokuqiniseka kokubuya kukaKrestu na?

_____

_____

_____

KuSambulo, ukubuya kukaKrestu yilona udaba okuphokophelelwe kulona emlandweni. Ukubuya kukaKrestu kuzokusho ukuphela komlando walomhlaba, nokuqala kombuso kaNkulunkulu waphakade, nenkululeko kubo bonke ububi, ukuhlukumezeka, ubuhlungu, nokufa.

Njengalo lonke iTestamente eliSha, iSambulo 1:7 sikhomba ukubuya kukaKrestu ngesiqu saKhe ngendlela enamandla nodumo, ebonwa. Bonke abantu, ngisho nalabo abamgwazayo, bayokubona ukubuya kwaKhe. Lamazwi abhekise ovukweni olukhethekile lwabantu abathile maduzane-nje ngaphambi kokubuya kukaKrestu, okuhlanganisa nalabo abambethela. Njengoba uJesu uyobe eletha ukukhululwa kulabo abamlindele, uyoletha ukwahlulelwa kulabo abadela umusa waKhe nothando lwaKhe. Ukuqiniseka kokubuya kukaKrestu kufakazelwa yilamazwi: "Yebo, Amen" (Samb. 1:7). Igama elithi yebo ngesiGriki lithi nai, kanti u-amen yisivumo sesiHeberu. Lamagama amabili ehlangene, atshengisa ukuqiniseka. Lesivumo yisona futhi esiphothula lencwadi (bheka iSamb. 22:20). "Ukukholwa ekubuyeni okuseduze kweNdodana yomuntu ngamafu ezulu ngeke kumenze umKrestu weqiniso abe budedengu, anganaki imisebenzi yansuku-zonke… ukukholeka kwabo, ukwethembeka kwabo, nobuqotho kwabo, kuvivinywa emisebenzini yalapha emhlabeni."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 309.

Isithembiso esenziwayo ungasethemba kuphela uma osenzayo enobuqotho futhi ekwazi ukusifeza. Ulwazi lokuthi isithembiso sokubuya kukaKrestu senziwa uNkulunkulu, Yena owazigcina zonke izithembiso zaKhe esikhathini esedlule, lukunika kanjani isiqiniseko sokuthi uKrestu uzobuya njengokwethembisa kwaKhe na?

Ukujula Nomcabango:

Funda isihloko esithi "The Study of the Books of Daniel and the Revelation," amakhasi 112-119 encwadini ka Ellen G. White ethi: *Testimonies to Ministers and Gospel Workers*.

"Lesambulo sanikezwa ukuqondisa nokududuza ibandla kuwo wonke umlando wobuKrestu….Isambulo yilokho okwembuliwe. INkosi uqobo yembulela inceku yaYo izimfihlakalo eziqukethwe kulencwadi, futhi ihlose ukuthi zifundwe abantu bonke. Amaqiniso aso abhekiswe kulabo abaphila ezinsukwini zokugcina zomlando walomhlaba njengakulabo ababephila ngesikhathi sikaJohane. Ezinye izehlakalo ezikulesiprofetho sezadlula, ezinye ziyagcwaliseka kumanje; ezinye zisitshela ngokuphethwa kwempikiswano enkulu phakathi kwamandla obumnyama neNkosi yezulu, ezinye zembula ukunqoba nenjabulo yabasindisiwe emhlabeni omusha. "Akungabikho ozokuthi ngoba engakwazi ukuchaza zonke izifanekiso zeSambulo, acabange ukuthi akusizi lutho ukuyifunda lencwadi ngenhloso yokuthola amaqiniso ngokushiwoyo kuyona. Yena Lowo owembula lezimfihlakalo kuJohane, uzonika umuntu ofunisisa iqiniso ngokukhuthala ulwazi ngezinto zasezulwini. Labo abanhliziyo zabo zivulekele ukwamukela iqiniso bazophiwa ukuqonda izimfundiso zayo, baphiwe isibusiso esithenjiswe labo 'abezwa amazwi alesiprofetho, benze lezo zinto ezibhalwe lapho.' "—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* amakhasi 583-585.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma iSambulo singukwembulwa kukaJesu Krestu, kungani igama elithi apocalypse lizwakala kabi namlanje? Lokhu kusitshelani ngomqondo amaKrestu anawo ngeSambulo? Kungani igama elithi ukwesaba limataniswa neziprofetho zeSambulo njalo na?

2. Cabanga ngezinye iziprofetho ezinziwe abantu kodwa zashaya phansi kuleminyaka engamashumi amabili eyedlule mayelana nezehlakalo zezikhathi zokugcina nokubuya kukaJesu. Singabhekanga izinhliziyo noma izinhloso zalabo abazenzayo (esingeke sizazi vele), yimiphumela mini emibi elandela leziprofetho eziphanzayo na? Zenza bezwe kanjani labo ababezikholwa na? Ziwenza abonakale kanjani amaKrestu jikelele kubantu bangaphandle? Thina esikholwa yisiprofetho, futhi esibheke izibonakaliso zesikhathi sokugcina, sifanele sikwenze kanjani kulingane ukuqonda isiprofetho nendlela esisifundisa ngayo kwabanye abantu na?